NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
NOVEMBER 2017

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA I
ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER I

Isikhathi: Amahora ama-3 Amamaki ayi-100

QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO

1. Amakhasi aleli phepha ayi-16. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.

2. Leli phepha lineziqephu **EZINE**, isiqephu **A**, **B**, **C** kanye no **D**. Bhekisisa ukuthi nelakho linazo zonke iziqephu.

3. Qala isiqephu nesiqephu **EKHASINI ELISHA**. Uvumelekile ukuqala nayinoma ngasiphi isiqephu osithandayo kodwa usiphendule sonke usiqede ungaxubanisi imibuzo yeziqephu.

4. Bhala izinombolo zemibuzo zibe njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

5. Bhala ngesandla esicacile, esifundekayo futhi umsebenzi wakho uhleleke kahle ngobunono.

6. Fundisisa yonke imibuzo kahle ngaphambi kokuyiphendula.

7. Ungabhali lutho ngale kwemajini. Shiya imigqa emibili njalo emva kombuzo.

IEB Copyright © 2017

ISIQEPHU A UKUQONDISISA

UMBUZO 1

1.1 **Funda le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

UTHANDO LUNGAKUMANGAZA!

1 Uthando yinto emnandi futhi efiswa ngumuntu wonke. Akekho ongathandi ukuthandwa yingakho luyindabuzekwayo kuwo wonke umuntu. Abantu bachitha isikhathi esiningi bethungatha uthando, balufuna ngezindlela ezahlukene futhi nasezindaweni ezahlukene. Kukhona nalabo okungaphuma ngisho umphefumulo inqobo uma bethole uthando. Abanye bayaphumelela ekuhlwayeni kwabo kanti abanye **babuya ngenduku yombangandlala**. Kuba yinkinga enkulu kumuntu **ukubhekwa yisambane** kwezothando ngoba uba muncu kube sengathi udle inhlaba. Emandulo sakhula sazi ukuthi **intombi ayidlulwa** ngakho belu ngoba abadala babeqonda ubuhlungu bokungathandwa. Phela akumnandi ukuba ngumgodi onganukwanja.

2 Insizwa yayiyilandela intombi ngesineke ngisho iminyaka eyevile kweyisihlanu ngethemba lokuthi kuyogcina kulungile. Phela kwakuyihlazo ukuqoma kwentombi masinyane ngoba kwakusho ukungabi nasimilo futhi kuyehlisa nesithunzi sayo ezinsizweni. Abazi isiLungu bathi ***'easy come, easy go'***. Intombi kwakumele ihlale ngentombi kanti nensizwa ibuchome othini ubunsizwa bayo. Insizwa kwakumele iyibeke ubatha intombi eyifunayo, iyilandele ngesineke. Hha! zazikhona izinsizwa ezingamasoka ezazihlula izintombi ubuthaphuthaphu, ubone ngamaduku ephephezela ekhaya lazo, kuqhume umkikizo zibongelwa ngokuhlabana kwazo. Intombi-ke yona kwakumele iqinisekise ukuthi ngempela leyo nsizwa yayingasinisi amahleza. Yingakho kwakubalulekile ukuba ilinde ingasheshi ilukhiphe ucu. Yayiba nesithunzi nokuhlonipheka intombi ekwazi ukuziphatha kahle ilinde ngesizotha, ithuba elifanele lokuqoma. Intombi eyilabatheka, engabambeleli sokeni linye, yayingaxoxwa nje indaba yayo ngoba yabe ilichilo. Kwakuba yigugu ngisho kuyise wentombi ukwazi ngobuqotho bendodakazi yakhe. Namuhla izinto sezigaya ngomunye umhlathi. Ihlazo yinto engasaziwa ezintombini, sekulula ukuqoma nokwala insizwa esikhathini esifushane. Lokhu kuyakhela igama elibi nasendaweni.

3 Ziningi **izinkubela** zothando esikhathini sanamuhla. Imbangela yikho ukwehluleka ukulinda. Iningi lingena ebudlelwaneni lingazinikezanga isikhathi esanele. Phela ayisekho imifula namahlathi lapho izinsizwa zazishelela khona njengasemandulo. Izinsizwa zamanje azisabazi ubumnandi bokuqonywa, zigiye kuqhume umkikizo. Zashonaphi leziya ntombi ezazivuka kusempondozankomo, zibhule amazolo zihaye ingoma. Ezanamuhla izinsizwa zishela zisendlini, zizibukela umabonakude futhi ziqhiyeme kosofa. Ingani omakhalekhukhwini sebayenza impilo yalula. Ithi intombi ihlezi noyise nonina, bethi baqaphe ngelokhozi kanti ziwadla elindiwe. Yona iyaxoxa nomfana mumbe, uyithembisa izulu nomhlaba,

IEB Copyright © 2017

ixoxwe indaba ize iphele. Ithi ingane kade izimisele ngesikole igcine seyididekile, ihlule konke okuyimizamo yabazali yokuyivikela. Abanye baze baqomane ngisho bengakaze babonane ubuso nobuso okubeka impilo yabo engcupheni yokuhlukunyezwa ngezindlela ezahlukene. Yingakho sekuyinsakavukela umchilo wesidwaba ukubona nokuzwa ngezigigaba ezahlukene zokuhlukumezeka kwabesifazane egameni lothando. Baqoma noma baqonywa bengazinikezanga isikhathi sokwazana. Uma intombi ingaphumi nempendulo esheshayo insizwa idlulela phambili.

4 Uthando luyinto enhle, edinga ukuphathwa ngesinono sekati. Uthando luyamhlonipha umuntu oluhloniphayo. Luyisibusiso esivela kuMdali okwafakazelwa ngukunikela ngendodana ezelwe yodwa ukuqinisekisa uthando athanda ngalo abantu. Yingakho neNcwadi eNgcwele ikubeka ingahlonizi ithi 'uthando aluzifuneli okwalo, luyabekezela futhi lumnene'. Uma umuntu umthanda ngokweqiniso, wenza konke okusemandleni ukumphatha kahle, umvikele yena kanye nesithunzi sakhe. Esikhathini sanamuhla, uthando baluphambanisa nezinkanuko zesikhashana. Yikho lokhu okuza nemiphumela ebuhlungu abantu sebekhala, betinyelwe yilokhu ababekubiza ngothando.

5 Luhle uthando lomzali nomntwana. Ingani umntwana ungumphumela wothando lwabantu ababili, abathembisana usofa silahlane. Indaba yonakala lapho umntwana esephenduka umthwalo womzali oyedwa. Lo mntwana kwakuvunyelwene ngaye, akazicelanga, babili ababehlanganiswe uthando. Luthi lungaphela kuze kukapakele kuwo umphefumulo ongenacala. Umbuzo omkhulu kuba ngukuthi, pho bekuyinhloboni yothando lolu? Kwaphila kanzima owayengekho abasunguli bendaba bevumelana. Ngolunjani lolu thando olukhanda **izinkedama nemihambima**? Angisayiphathi imihuzuko yontukazana oluyithole ngobude bendlela luthi lusothandweni. Uthando yinto yabantu ababili, ludinga ukubanjiswana nokuhlonishwa ukuze luzale impumelelo.

[Yindaba yokuziqambela]

1.1.1 Yini efiswa ngumuntu wonke ngokwale ndaba? (1)

1.1.2 Isuke injani into uma kuthiwa, 'ingundabuzekwayo'? (1)

1.1.3 Umuntu ofuna uthando, uluthola ngokwenzani kule ndaba? (1)

1.1.4 Lichaza ukuthini ibinzana lamagama asesigabeni sokuqala athi, **'babuya ngenduku yombangandlala'**? (1)

1.1.5 Isisho esithi, **'ukubhekwa yisambane'** sisetshenziswa uma kwenzenjani? (1)

1.1.6 INcwadi eNgcwele iyawusekela umyalezo othulwa kule ndaba mayelana nothando. Caphuna amazwi afakazela lokhu endabeni. (1)

1.1.7 Iyiphi indima edlalwa ngamazwi athi, **'intombi ayidlulwa'** ekulekeleleni abasifazane ukuba baziwe bebalulekile kwezothando? (2)

1.1.8 Ukwehluleka ukulinda kwezothando kunemiphumela engemihle. Sekela lesi sitatimende ngamaphuzu **amabili kuphela** asendabeni. (2)

1.1.9 Veza umehluko okhona phakathi kwenkanuko kanye nothando ngokwale ndaba. (2)

1.1.10 Yikuphi ongakwenza wena uma usufuna ukungena othandweni okwehlukile kulokhu okubaliwe endabeni? Bhala kube **kubili**. (2)

1.1.11 Igama elithi, **'izinkubela'** lisinika mqondo muni ngesimo sabantu ababesothandweni? Nikeza amaphuzu amabili. (2)

1.1.12 Omakhalekhukhwini bayingozi kubo bonke abantwana abasafunda isikole uma kuza kwezothando. Ngumbono noma yiqiniso lokhu? Sekela impendulo yakho ngokubhekisa **esigabeni sesithathu**. (2)

1.1.13 Sifundo sini osifundile kule ndaba mayelana nothando futhi siyokusiza kanjani empilweni yakho yezothando? (2)

[20]

1.2 **Bukisisa lesi sithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**



[Sicashunwe kwi-Inthanethi]

1.2.1 Yikuphi okusikhombisa ukuthi le ndawo engenhla eyasemaphandleni? (1)

1.2.2 Yikuphi okungubufakazi bokuthi imfashini iyaziwa kule ndawo? (1)

IEB Copyright © 2017

1.2.3 Bhala iqhaza elibanjwe ngezemidlalo kulesi sithombe. Kube mayelana nobudlelwane nokufunda. Bhala okubili kuphela. (2)

1.2.4 Uma ubuka laba bantwana ebusweni, mizwa mini ocabanga ukuthi banayo? Sekela impendulo yakho kahle. (2)

1.2.5 Ngokubona kwakho, yibuphi ubuhlakani obukhonjiswe ngabafana abadlala ngamasondo esithombeni? (2)

1.2.6 Izinto zokudlala ezisesithombeni, zikhombisa ukungalingani kwamazinga empilo yabafana. Bhala okubili okufakazela lokhu. (2)
[10]

Amamaki angama-30

ISIQEPHU B UKUFINGQA

UMBUZO 2

IMIYALELO

1. Fingqa lesi siqeshana ngamagama akho angedluli kwangama-70.
2. Fingqa kube yisigatshana kodwa amaphuzu agqame abe yisihlanu.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma ufingqa.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

UMSHADO NGUMCIMBI OHLONIPHEKILE

Umshado umbungazo ophakathi kwemindeni emibili. Leyo mindeni iyona ezikhethelayo ukuthi ubani ozomenywa. Akumele ukuthi umbeke icala oshadayo noshadelwayo uma engakumemanga. Akakukhohlwanga kepha ubone kufanelekile ukuba ungabi ngomunye wezimenywa zakhe. Ziningi izizathu ezingenza angakumemi ngakho kumele wamukele isinqumo sakhe. Imishado imba eqolo. Injalo nje sekujwayelekile ukuthi kube nenani elithile okufanele limenywe. Uma ungamenywanga kulo, ikhona eminye usazomenywa kuyo nawe ube yisitatanyiswa. Akukaze kwenzeke yini ukuthi umenywe ungaphumeleli? Usungaze ubhale kwi-Facebook ukuthi awumenywanga! Buka-ke uhambe kahle umshado ungekho wena. Ababedingeka, ngisho labo umshado obungeke uqhubeke bengekho, babephume ngothi lwabo.

Thina esimenyiwe saphumelela, asigqoke sibe bahle, sifanelane nomcimbi lo esizowethamela. Abanye baze babhale emakhadini esimemo bathi 'dress to kill'. Awube sobala uthi bha umehluko phakathi komuntu oya emngcwabeni nozohalalisela ababopha ifindo likasofasilahlane. Lapha sizokikiza size sikhase. Ukuvulwa kwethuba lokudansa aliqalwa inoma ngubani. Bakhona nje abanikazi bomcimbi, osingabo. Yima, hho! Liyeza elakho ithuba mhla kushada wena. Kahle ukubangisa umntanomuntu. Hleze naye kade alibheka leli thuba. Linda nawe, hleze ucilo angathuka ezishaya endukwini kungekudala. Bamba isimilo, uyeza umaqondana.

Safika isikhathi esibaluleke kunazo zonke ebesizibheke ngamehlo abomvu. Pho zimbiwe yinsele yazishiya. Nokho akuphangwa mdaka alinile. Abanikazi bedili abangena kuqala kwelabo itafula lekhethelo. Alihlotshisiwe kanje, liyayikazela ungafunga ukuthi uzodla lona. Okuhle akukho ukubhuduzela. Wonke amatafula anezinombolo. Uma ungaphendulanga ukuthi uyeza uzoba ngumtshingo ubethwa ngubani. Phucuzeka wenze izinto ngendlela ungabi yisiphoxi.

[Icashunwe encwadini '*Isizulu Sethu*' Ibanga 11, ikhasi 91–92]

UZOMAKWA KANJE:

Amaphuzu = 5

Amagama omfundi = 3

Inani lamagama = 2

Amamaki angama-10

IEB Copyright © 2017

ISIQEPHU C IZINKONDLO: UKUNGENISA KOMNGENI

UMBUZO 3

Inkondlo engafundwanga ekilasini.

3.1 **Funda lenkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

KWETHU

Ngoba sengingadindiliza nje lapha?
Sengingeqiwa ngiphindelelwa okhalweni?
Sengingadikadikwa zimpisi nje nikhona?
Phinde! Ngiyalandula ngishaya phansi,
Likhona ikwethu.

Ngoba senginganikanikwa ngamanq' ezulu?
Nebala amakhank' ehlanz' azidephudephuzele?
Amathamb' anethwe zimvula ziwakhukhule?
Phinde! Ngima ngentaba, bheka!
Nikhona? Kanti angizele yini?

Ngoba **sengingaba ngumantunta nendishi**?
Ngoba **sengingawundinga sithebeni**, ngidinge?
Ngiwubende yini lona luntul' indawo?
Nqodo! Ungabona abakini!
Abakwethu bangilinde kwethu.

Ngingathini ukupokel' abantu bezizwe?
Abakhal' isililo sikaNandi ngami,
Mina ngifun' ukopokel' abakwethu
Abangekungilahlis' okwenyongo yenyathi:
"Sakubona sakubeletha! Selokhu …"
Abakwethu bayongibuza, bangiphumuze.
Kwethu balindil' abakwethu.

Ngoba **sengingagqabuka** ngingacinyeziswa?
Sengingaba **yinkasamlomo yaphakade**?
Lon' igodi lingawabon' amafid' asithupha?
Sekungathen' ukuthi **kogqitshw' umdlwane**,
Kwagunjana yizaba zokugcin' uqobo
Phinde! Ungafa fi! Angivuki nginani?
Mina nginethi mina lo kwethu.

3.1.1 Chaza ukuthi izimo zokukhuluma ezidwetshelwe ezisemgqeni we-11 nowe-12, ziwugqamisa kanjani umqondo wale nkondlo. (3)

3.1.2 Uphawu lokubuza olusetshenziswe yimbongi ezitanzeni zale nkondlo lugcizelela mqondo muni? (2)

3.1.3 Amagama abhalwe ngokugqamile esitanzeni sokugcina alekelela kanjani ekugqamiseni umyalezo wale nkondlo? (3)

3.1.4 Umbuzombumbulu kule nkondlo ugqamise mizwa mini yembongi mayelana nabantu bozalo lwayo? (2)

[10]

Izinkondlo ezimiselwe

3.2 **Funda lenkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

AMAZOLO OKUSA

Umoya wabe uheleza kamnandi
Uzinge ungiphepheth' izinwedlana zami,
Lapho ngithe phuhle kwesicweb' isiziba,
Ngizibuk' esibukweni sikathekwane.

Amawathanga ayegingqik' ubukhazikhazi.
Imifothonga yayibeleth' ububengebenge.
Kuwo lawo mazolo zazicula kamnand' izinyoni,
Kusengathi zinanel' ubuhle bemvelo.

Gwiqiqi amal' ezul' agwiqika,
Abhej' amehl' abomvu **ngwe**,
Umusa wemvelo waya ngokuncipha
Amazolo okusa athi **cwe**.

Wacanas' ufeleb' eqoph' imimango ngokuqhosha,
Kwangath' uqhoshel' amazol' awohlokile.
Nakub' usuhlwayisisa wawungasenakuwabona,
Ayesehlwithekile, afohlokile, ewohlokile.

Yiwo wona la mazolo anamuhla ayesenyamalele,
Athathe anyamalala **nezimeshe** zingakazitiki.
Kudela wena **mpunzi** obusashay' esentwala,
Uze ungihlomulise ngomhlomunye.

3.2.1 Imigqa wesi-5 nowesi-6 ithula sithombe sini ngamazolo okusa? (1)

3.2.2 Amazolo athokozelwa ngabantu nezilwane ngokufanayo. Sekela lo mbono ngokufunde enkondlweni. (2)

3.2.3 Amazolo angephikisane nelanga. Phawula uveze ubuqiniso balesi sitatimende ngokubhekisa esitanzeni sesi-3 nesesi-4. (2)

3.2.4 Amagama abhalwe ngokugqamile esitanzeni sokugcina, amele luhlobo luni lwabantu uma sijula ngokomqondo kule nkondlo? (2)
[7]

IEB Copyright © 2017

3.3 **Funda le nkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

IZINYEMBEZI ZOKULANGAZA

1 Izolo bezehla okobisi lwesigqala
2 Namuhla zehla okobisi lukaNondlini
3 Imithombo yazo kayishi nakancane
4 Phambi kwami sekuze kwaba namathantala,
5 Amathantal' angivimbel' ikhaya lokulangaza,

6 Olunye luconse phezu kolunye,
7 Kwahlangan' olunye nolunye,
8 Ngathi ngiyabheka sekungamathantala,
9 Kuwo sengiyowela ngesihlengele sokulangaza.
10 Wo-hhe, yeka ngawe nonkece!

11 Lezi zinyembezi zinenkemb' ebukhali,
12 Inkemb' ekleklebul' inhliziyo amantwenguntwengu,
13 Exukuz' umqond' ube luketshezi,
14 Edabul' umphefumulo ube madabudabu,
15 Ishiye kuphel' isilonda sokulangaza.

16 Ngiyababon' abanye behla benyuka,
17 Betetemuk' ehlobo elingenakugudluka,
18 Bengazincwebi nangokuthi liyagudluka,
19 Eyab' indalo ngeyobisi nezinyosi,
20 Ngokuntula amehlo okwentuthwane.

21 Abakontuthwane bamehl' agqobhoz' ihlobo,
22 Nxa ivuso lingamgudluz' umenzo,
23 Kungabe sengimathamb' amhlophe,
24 Ngexhala komuny' unyaka kudlul' omunye,
25 Ngisala ngibhitshizwe zinhlanekela zokulangaza.

26 Ngisahlwithwe zihlwithanwele ngazibon' inkosi,
27 Engekho namunye ongangithinta.
28 Izamukelo zangenwa yintola lawa usiba.
29 Yek' ukudlel' imbumb' odengezini.
30 Ngananaza ngawunanazela lowo nyaka,
31 Unyaka oyisanduleka kuchaphasha.

32 Athe esephans' amatomu,
33 Ngantunta, ngantanta nezwe.
34 Langimb' iphango lingimbile,
35 Ngabuyel' emuva ngingemgqigqo,
36 Ngaya ngaphindelela, ngaphindelela,
37 Kuhle kohlany' olusemehlwen' amadoda.
38 Chaphasha!

39 Yeka lezo zobondl' ubumnandi,
40 Nesibonayo wawungadl' usiyenga ngendaba,
41 Ngisho sibona ungasiziba,
42 Ngasala ngilubaluba yinkwankwa,
43 Inkwankwa eyabhoboz' amagul' ezinyembezi,
44 Izinyembezi ezingashi,
45 Izinyembezi zokulangaza,
46 Imitha ngokuphindwa!

IEB Copyright © 2017

3.3.1 Veza umehluko okhona phakathi **kwesigqala** no**nondlini**. (2)

3.3.2 Izinyembezi zembongi ziyamaniswa kanjani nala magama angenhla abhalwe ngokugqamile ku 3.3.1? (2)

3.3.3 Mizwa mini yembongi egqanyiswa esitanzeni sesi-3? (1)

3.3.4 Bheka isitanza sesi-4 kanye nesesi-6 uqhathanise impilo yabantu okukhulunywa ngabo. (2)
[7]

IEB Copyright © 2017

3.4 **Phinda ufunde le nkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

IKHWEZI

Inkungu beyigunyile,
Nehlathi licinene,
Ngithubeleza nzima,
Phakath' emahlathini.

Kade kumnyama khuhle,
Ngibathe ngiyacingisisa,
Ngingaboni luphawu,
Lwethemb'eliyimpilo,
Nce **ngiqwale** nabaqwalayo.

Kade ngangiqinisela,
Ngiklwejwa lugagane,
Ngihaqwa yimbabazane,
Ngayihlab' inhlali ngaqwala.

Ukunqoba akumdlalo,
Ngaqwala imiqansa eqansile,
Isiphongo saconsa co-co-co-,
Namajaqamba athi ngilapha.

Ngibe ngu**Thula kukubi**,
Ngihehelwa ezeni,
Ngabheka eMphelandaba,
Ngatibula entabeni.

Izivunguvungu nezivuvu,
Nezimvula zomvimbi,
Kwasina kwazibethela kimi,
Ngantengantenga ngavuma phansi.

Laqabazela laqabazela,
Laklwebha laqaqamba,
Laqaqamba laqeqebuka,
Ngathuk' izanya ngivika.

Ngavuka ngathwabaza,
Ngaqhubeka namagangangozi,
Nginezingwazi zemfundo,
Iningi kungabezizwe.

Ubunzima kungubumnandi,
Ubumnandi kungubunzima.
Sihlangana sehlukana sihlangana,
Siqwala imiqansa yemiqingo.

Logcwala ithemba kimina,
Ngethemba ukubona isiqongo,
Ngoba phezulu naliya ikhwezi
Lethembis' ukwesasa kusasa.

IEB Copyright © 2017

3.4.1 Amagama abhalwe ngokugqamile enkondlweni aqhakambisa kuphi kulokhu okulandelayo?

ukuphelelwa yithemba, ubunzima obukhulu, yimpumelelo emangalisayo. (1)

3.4.2 Amagama asetshenziswe esitanzeni sesi-9, umugqa wama-36 usinika sithombe sini ngokwenzeka kule nkondlo? (2)

3.4.3 Ukuxhumana okuyisiphambano okusesitanzeni sesi-9, emgqeni wama-34 nowama-35 kusiza ngani enkondlweni? (1)

3.4.4 Isihloko sale nkondlo, sihambisana kanjani nokushiwo yinkondlo? (2)
[6]

Amamaki angama-30

IEB Copyright © 2017

ISIQEPHU D UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

UMBUZO 4

4.1 **Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

Ngenkathi uNokwanda esanda kushadela kwaDlamini njengo**mlobokazi** kwakulindeleke ukuba aziphathe ngendlela ethile. Phakathi kokunye ukugwema ukubiza amagama athile ukuze ahloniphe abathile kulo muzi. Wayesebenzisa elithi **amaqaphelo** uma egwema ukungahloniphi uyisezala. Wayengeke alokothe ngoba angahlawuliswa ka**nzima**. **Wayesezoqeda** iminyaka eyishumi eganela lapha kwaSibalikhulu.

4.1.1 Bhala elinye elimqondofana nelithi **'umlobokazi'**. (1)

4.1.2 Bhala igama elifanele esikhundleni saleli lokuhlonipha **'amaqaphelo'**. (1)

4.1.3 Hlaziya leli gama ukhiphe zonke izakhi zalo.

'wayesezoqeda' (4)

4.1.4 Shono ukuthi hlobo luni lwebizo lolu.

(a) uyisezala (1)

(b) amaqaphelo (1)

4.1.5 Sebenzisa igama **'nzima'** emshweni kuvele **imiqondo emibili** yalo ehlukile kulona ovezwe ngenhla. (2)
[10]

4.2 **Bhekisisa lesi sithombe esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela.**

[Isithombe sicashunwe kwi-Inthanethi]

4.2.1 Ukwenza kwekati kugudlisela ini ngempilo yabantu abasebenzisa amathuba? (1)

4.2.2 Umbhalo othi, 'usencela kakhulu namanje' akhombisa ukunganaki nobudedengu. Uyavuma noma uyaphika? Sekela impendulo yakho. (2)

4.2.3 Ingane yalona wesifazane ibulawa yindlala. Yiqiniso noma ngumbono? Sekela impendulo yakho ngokubhekisa esithombeni. (2)

4.2.4 Igama elithi, 'Bbe' lisitshela ukuthini ngobudlelwane babazali bomntwana? (1)

4.2.5 Ubaba wengane uyayondla ingane yakhe. Yikuphi okugcizelela lo mbono uma ubhekisisa amazwi owesifazane? (1)
[7]

IEB Copyright © 2017

4.3 **Phinda ufundisise lesi sikhangiso bese uphendula imibuzo elandelayo.**

UMCIMBI WAMASIKO OMDABU

Imvunulo, amahubo, izimbongi nokunye okuningi

Indlebe ayiphathelwana. Woza uzozibonela, uzizwele ngawakho. Imbila yaswela umsila ngokuyalezela.

Indawo: KwaNdengezi Stadium

Usuku: 24 kuLwezi 2017
Isikhathi: Ihora le-10:00 ekuseni

Ukungena: Mahhala! Mahhala! Mahhala!

Kuyobe kuhlangene izikole ezahlukene zaKwaNdengezi namaphethelo, ziqhudelana emikhakheni eyahlukene ephathelene namasiko.

Indikimba yomcimbi: Azibuye emasisweni.

Nazi izikole eziyobe ziqhudelana ukubala ezimbalwa nje: iMandlezizwe, iMophela, iNdukuyabasha, iPhezukomkhono, iNdlelayabasha kanye nezinye.

Zonke zisho ngazwi linye zithi azibuye emasisweni kule mikhakha: (i) indlamu (ii) ukubukisa ngemvunule (iii) ukuhaya amahubo nezinkondlo

Ngingabala ngithini? Woza mzali! Woza dadewethu! Woza mfowethu!

Isikhulumi sosuku: uSolwazi Zwane.

[*IsiZulu Esicwengekile Esisha*, ikhasi 326]

4.3.1 Yini ekhangiswa kulesi sikhangiso? (1)

4.3.2 Lesi sikhangiso siqondiswe kobani? (1)

4.3.3 Ukukhethwa kwamagama athi, **'azibuye emasisweni'** kuhambisana kanjani nokugqugquzelwa yilesi sikhangiso? (1)

4.3.4 Bhala elilodwa lamasu asetshenziswe ngumlobi esikhangisweni ukuheha abantu. (1)

4.3.5 Akuzona ezaKwaNdengezi kuphela izikole ezingenele umncintiswano. Uyavuma noma uyaphika? Sekela ngokucaphuna esikhangisweni. (1)

4.3.6 Kungani ifonti esetshenzisiwe ingalingani kulesi sikhangisi? (1)

4.3.7 Izimpawu zokubabaza zizama ukudlulisa muzwa muni ngesikhangiso? (1)

4.3.8 Amagama athi, 'azibuye emasisweni' ahlose ukudlulisa myalezo muni kulesi sikhangiso? (1)
[8]

UMBUZO 5

Fundisisa umbhalo osebhokisini bese ulungisa okungabhalekile kahle**,** okungaba **yizimpawu zokuloba**, **ofeleba**, **ukuhlukaniswa kwamagama** kanye **nobhalomagama**.

Kwathi kungasa emnyango kwezwakala ngechalaha lisho kakhulu lithi awuuuuu awuuuuu lishonje ngoba nakhu libikezela ukuhloma kwezulu. Akujwayelekileke ukuthi kwenzeke ngalesisikhathi sosuku. Lahohoma kakhulu lokhu okuthusayo kanti kuse busika. Isikhathi esiningi ukuduma kwezulu kwenzeka kakhulu ngenyanga kazibandlela lokhu siyakweshwama.

[10 × ½ = 5]

Amamaki angama-30

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2017